# *Namuhla Lombhalo Ugcwalisekile*

Ngiyabonga, Mfowethu Demos, Mfowethu Shakarian, noma, Demos Shakarian noMfowethu Carl Williams, namanxusa, onke. Ngicabanga ngalomfowethu, umlimi lo, usevele washo lokho ebengifuna ukukusho, kusihlwa nje, usevele wathatha inkulumo yami. Ngoba, ngiyakholwa, lenhlangano, ngiyithakasele kakhulu kunanoma yiyiphi ingqungquthela esengaka ngaba kuyo. Akaze ngibone, nanoma kukuyiphi ingqungquthela, enozwano oluhle ngalendlela nokukhonza okuhle kwangampela nothando lobuzalwane. Okunye engikwenzileyo, ngihlangane namanxusa amaningi amasha aseZulwini, abazalwane abasha engibenethuba elihle lokubaxhawula ngikhulume kubo.

2 Ebusukwini obumbalwa obadlulileyo nje, ngangilalele kumfowethu wamaBaptisti ngihlezi laphaya. Ngiyalilibala igama lakhe. [uMfowethu Shakarian uthi, "Ngu Irvin."—Umhl.] Ngu Irvin. Wanginikeza ikhadi livela...ngikholwa yikuthi ku anti wakhe, ohlezi lapha ebusuku namuhla. Ubeyilokhu eliphethe lelikhadi iminyaka engamashumi amabili.

3 Walethwa enkonzweni, efa yisifo, mhlasimbe udokotela angasichaza ukuthi sinhloboni. Kuyinto efana nochoko, kepha kakusilo uchoko. Uvele...Uhlinzwe, banquma into ethize esantambo phezulu *lapha*, noma yinto ethizeni, kepha ubesenjengesitshalo, ubesevele azihlalela laphaya. Kwathi esahlezi laphaya, mhlasimbe ikhadi lakhe lalingabizwa kumbe kungenziwa lutho, angayi emgqeni wabakhulekelwayo, uMoya oNgcwele wangi holela kuye. Nanguya ehlezi ngemuva ebusuku nje, useyaphila, siyabonga kakhulu ngalokho. U.

4 [uMfowethu Shakarian uthi, "Mfowethu, ngicabanga-ukuthi uHoward Irvin ubelaphaya ekhuluma nawe, kepha ngicabanga u anti ukhona lapha. Mhlawumbe singamcela ukuba asukume."—Umhl.] Sicela usukume, u-u anti wa...["Nanguya. Vayela ngesandla sakho. Vayela ngesandla sakho." Ibandla lishaya ihlombe.]

5 UNkulunkulu akubusise, dadewethu, ngobuqhawe bakho ekukholweni eNdodaneni kaNkulunkulu. Sengathi Angakugcina uphilile kuze kufike isikhathi Ayokubizela ngaso eKhaya, lapho lokhu okufayo sekwembatha ukungafi. Ngiyabonga kakhulu ngalokho, ukucabanga ukuthi ulibambile lelokhadi kuyoyonke leminyaka kuze kube yimanje, waze walethwa lapha kimi wangikhombisa lona kulobubusuku.

Uyazi, bengithi, kunjengesinkwa phezu kwamanzi, sibuyela kuwe, uma kukhona ozama ukukwenzela omunye.

6 Manje, ngibenenhlanhla futhi yokuhlangana nabaningi balaba-befundisi ababukekayo, futhi ngikuthokozela kakhulu ukuhlanganyela nabo, lolubambiswano. UMfowethu Carl umemezele ukuthi ngiyobuya ngonyaka ozayo, uma iNkosi ithanda, futhi silapha emhlabeni. Futhi, yebo, ngethemba ukubonana nani nonke lapha ngonyaka ozayo futhi, nobani nobani alethe elinye inxusa kanye naye kanjalo nowesifazane.

7 Manje yinye into engingathanda ukuyisho kancane ngayo, mhlampe okwesikhashana nje.

8 Ngoba, nguDokotela Reed ozokhuluma emva kwalokhu, ngisuka le kude njengoba ngize lapha kulobubusuku, ngihambe amakhulu amabili namashumi amahlanu amamayela engi . . . ukwenza loluhambo, ukuzokuzwa uDokotela Reed. Kukhona okwenzekileyo esikhathini esingengakanani esedlulile enginga . . . Kepha-kepha, ngenxa kaDokotela Reed, ngishayele ibanga eliyinkulungwane yamamayela ukuzomuzwa. Kepha kukhona oku. Selokhu ngilapha, ngishayele inkulungwane yamamayela ukuzokuzwa engikuzwe esikhashaneni esadlulileyo, into emangalisayo, into engeke yambulwa yinyama negazi. Kwenziwa nguMoya oNgcwele. Nokubona umuntu onginike ukukhuthazela ngalendlela empilweni yami, ngiyothokoza kakhulu impela izinsuku zonke zokuphila kwami.

9 Ebengifuna ukukusho, beku-bekungukuthi, uma benginokuhlinzwa, ngibize udokotela wemithi, wena uze kimina, Dokotela Reed, impela. Ngi-ngingayethemba indoda ekuhlinzeni, uma ngingaba nakho. Izandla ezikholwa nguNkulunkulu, yile-yilezo engingathanda ukuba zingisebenze. Ngakho si . . . Ngiyethemba ukuthi ngeke ngize ngihlinzwe. Kepha uma kwenzeka, ngingafuna yena, noma yindoda enjengaye, ukuba yenze umsebenzi, uma engebebikho lapho.

10 Kukhona okwenzeke kimina ebusukwini bayizolo, lokho, noma izolo ntambama, uma ngingaphosisi, kungimangalise kabi. Ngizakukufushanisa, ngoba angifuni ukudla isikhathi sikamfowethu, njengoba ezokhuluma. Kepha ngethemba ukuthi kuyinto efanelekile mayelana nentshumayelo yami.

11 Ngi-ngiyaziqaphela izinto ezincane. Zonke izinto ezincinyane zinento eziyishoyo, kimina. Angikholwa yikuthi noma yini eyenzeka kumKristu izenzekela nje. Ngicabanga ukuthi isuke ibekwe nguNkulunkulu, ngoba uJesu wathi Uyokwenza zonke izinto zisebenzelane kokuhle kulabo abamthandayo. Ngalokho-ke ngiyakholwa ukuthi zonke izinto ezincane e-entshumayelweni ethobile encinyane Anginikeze yona, ukunisiza nina bantu, ukusiza noma ngubani, nani nonke nilusizo kimina, nisizana ukuba ningene eNkazimulweni.

Kulokho, yonke into encane inento eyishoyo, kimina. Kepha kwakunzima kimina ukukukholwa lokho, izolo ntambama, lapho ngidukelwa yitekisi lentshumayelo yami emsamo lapha. Ngi-ngiyakutshela, angikaze ngibe kulesiya simo empilweni yami. Futhi, kwase, u-umkami wangipha iBhayibheli elisha likaKhisimusi.

12 Elami elidala laseligugile. Seliqede cishe iminyaka engamashumi amabili manje nginalo, ngangiliphiwe ngabantu beHouston Gospel Tabernacle, eminyakeni eminingi eyadlulayo, mhla ngiqala ukwenza izinkonzo. Ngakho vele, ngilazisa kabi, futhi ngi . . . amakhasi namaphepha, okuwela ulwandle, nokuzungeza, ngaze . . . seliyaguga. Ngithatha ikhasi mhlawumbe kuGenesisi, sengiyolibheka kuDutoronomi ndawondawo ukuthi alikho yini, uyazi, lapho engilishutheke khona eBhayibhelini ngemuva. Ngakho, wangithengela elilodwa likaKhisimusi. Kanti-ke ngangikuzonda ukuyibeka eceleni iNcwadi endala, beliyilokhu liyigugu kimina. Ngase ngithi, "Uma ngihambe uJesu engakafiki, anolibeka phezu kwami. Ningehlise nalo, ngiyokhuphuka nalo uma sesikhuphuka." Eqinisweni, lokho kungumbono wami, empeleni.

13 Njengoba ngivamise ukuxoxa indatshana encane. Ngethemba ukuthi lokhu akwenzi inhlekisa ngobungcwele. Kepha ngahamba nga . . . Ngesinye isikhathi indoda yangitshela, ngikholwa yikuthi kwakunguMfowethu Earl Prickett, inkonzo yabe iseNew York; enhla; ngahlangana nendoda, yathi, "Awusho, wenzani nalab'osomabhizinisi, ungumshumayeli na?"

Ngathi, "Ngingusomabhizinisi."

Wayesethi, "Nhloboni yebhizinizi okuyona na?"

14 Ngathi, "Isiqiniseko." Manje, wayecabanga ukuthi ngithe "umshuwarense," Uyabo. Ngakho ngathi, "Isiqiniseko."

Wayesethi, "O, nhloboni yomshuwarense owudayisayo na?"

15 Ngathi, "Impilo engunaphakade." Ingunaphakade! Ngathi, "Angiyidayisi. Yikuthi nje nami ngiyiphethe, eyami, ngizama ukuyibeka nakwabanye."

16 Ngiyamkhumbula umfana engangifunda naye isikole, ngesinye isikhathi, wayedayisa umshuwarense. Manje, umshuwarense ulungile, kepha anginawo. Ngakho, wafika emzini wami, wayesethi, "Billy, ngithanda ukukudayisela umshuwarense." Wathi, "Ngiyamazi umfowenu." Umfowethu udayisa owakwa Metropolitan. Wathi, "Kulungile," wathi, "Ngingathanda ukukudayisela umshuwarense."

Ngathi, "O, Wilmer, ngiyabonga."

17 Uyo . . . kungenzeka ukuthi ulapha kulobubusuku, umfowabo, ubhala izindaba ngokuthi *iKamelo elingaPhezulu*, incwadi, ethi *iKamelo elingaPhezulu*. Ngakho u . . .

Ngathi, "Nginesiqiniseko."

Wathi, “Ini?”

18 Umkami wangibuka njengomuntu ongumzenzisi. Wa . . . ngase ngithi . . . Ngakho wabe-sethi, “Billy?”

Ngase ngithi, “Yebo, ehe, nginesiqiniseko.”

19 Wayesethi, “O, ngi-ngiyaxolisa,” wathi, “Angi . . . Ngezwa ukuthi awunawo umshuwarense.”

Ngathi, “Qhabo, nginesiqiniseko.”

20 Wa-wasengizwa, ukuthi ngitheni. Wathi, “Utheni?”

Ngathi, “Isiqiniseko.”

Wayesethi, “Awu, usho ukuthini na?”

21 Ngathi, “Isiqiniseko esibusisiwe, uJesu ungowami; O, Ubumnadi benkazimulo yaPhezulu! Ngiyindlalifa yensindiso, ngithengwe nguNkulunkulu; ngizalwe ngoMoya wakhe, ngahlanzwa eGazini laKhe.”

22 Wathi, “Billy, uyazi ngiyakuthokozela lokho.” Wathi, “Kuyinto enhle kakhulu. Kepha,” wathi, “ndodana, lokho ngeke kukukhiphe lapha emangcwabeni.”

23 Ngathi, “Kepha kuyongikhipha.” Angesabi . . . [UMfowethu Branham nebandla bayahleka—Umhl.] Angikhathazwa ngukungena phakathi; kungukuphuma, uyabo. Ngakho ngicabanga ukuthi kuyindlela leyo thina esizwa ngayo.

24 Izolo kusihlwa, lapho ngithatha leloBhayibheli, angiyitholanga leyondikimba. Ngase ngithatha leloBhayibheli elisha. Ngangi funda kwelidala, ngase ngithatha elisha ngaligodla ekhwapheni ngagijima ngakhuphukela lapha. Ngavula kuleyondawo, ngacabanga, “Yebo, lapha, ngikholwa yikuthi kwakukuJohane oNgcwele 16:21,” kepha kwakungafundeki ngokuyikho kwanhlobo nje.

Ngathi kuMfowethu Moore, “Ngabe kulapho na?” “Yebo.”

25 Ngase ngibuka emuva, kwakungesikho lapho. Ngakho ngacabanga, “Mhlampe, bafaka ikhasi endaweni okungesiyo-ekhasini.”

26 Umfowethu lo wayesefika, uMfowethu Stanley, wafika; ngiqonde uBhishobhi Stanley. Angazanga ukuthi lomuntu wayesho ukuthini, nga . . . Nokho, kwakuyinduduzo. Wahamba wenyuka wasondela eceleni kwami, wayesethi, “Ungaxakaniseki, mfowethu, uNkulunkulu mhlawumbe kukhona azokwenza.” Uyabo? Lokho kwangikhuthaza, ukucabanga ukuthi angasho lokho.

27 Angazi ukuthi waqonda yini ukuthi wayeprofetha na? Kepha sengikhuluma naye esikhathini esingengakanani esadlulileyo, ngaphambi kokuba akhuphuke eze lapha, ngineqiniso ukuthi waqonda.

28 Ngakho ngakuletha eMlayezweni wami okhuluma *ngeziNhlungu zokuZala*, nokunye. Ngendledlana yami yokungathi ngiyahlambalaza, ngikhuluma ngomnduze; nokuthi uzalwa kanjani utholakale kanjani phansi, ukhuphuke, udonse ilanga, kuwe amazolo, nokunye. Nokubola kokuthi ufanele ufe, ukuze uzalwe, kakhudlwana, ukuze uphume. Ngangizama ukwenza umfanekiso webandla.

29 Njengodokotela lapha, uma ehambele ukuyokwelapha isiguli. Sinodokotela namuhla othi, "Ungahlikihla unyawo lwakho, esithendeni ngemuva, bese welapha umdlavuza ebusweni bakho, uyabo." Kepha udokotela olungile soze alalela into enjengaleyo. Welapha isiguli ngokulawula kwencwadi ayifundayo yokucwaninga ngemithi.

30 Kungalendlela-ke engizama ukwelapha iziguli ngayo. Uma ngibona ibandla ligula, angizami ukubatshela ukuthi badinga ukuxhawulana okusha nento enjalo, inhlangano entsha. Kumele ngilelaphe ngokulawula kweNcwadi engi-ngiyaziyo, uyabo. Ngakho uma ngibona ibandla, libonakala sengathi lingenwa yisimungumungwana, ngifuna bathathe isiThako engaziyo ngempela ukuthi siyiso, esiqondene nesimungumungwana, ukuze siphume ebandleni, umangibona isono singena kulo, kuyindlela efanayo!

31 Ngazama ukuqhathanisa ngoIsawu noJakobe, bese kulethwa izikhathi phansi. Angizukukhuluma ngalokho. Kepha ukukuletha phansi engxenyeni yokugcina emBhalweni wami wokugcina ukuwusebenzisa, bengiwuqhathanisa, kube ngokombhalo, kepha njengokuba uJesu asho ukuthi kuyakuba njalo, wathi uDokotela omkhulu siyakuba njani isimo sebandla, kulezi'nsuku zokugcina, "Kuyoba yiLawodekiya; ecebile, ephumputhekile, enqunu, ibandla elimpofu," liyoqhathaniswa nezinsuku zaseSodoma. Manje, siyazi ukuthi kuliQiniso. Uma ukuqaphelisisa, ngokomlando, Waletha izinsuku zikaNowa, kuqala, kwasekuba yizinsuku zaseSodoma. Kuhamba ngaleyondlela ke, ngendlela efanayo.

32 Nomlando ngezikhathi eziningi uyaziphinda, umlando wenzenjalo, kanjalo-kanjalo nezethembiso zeBhayibheli. Njengalokhu, njengakuMatewu 3, lapho kwathi, "Indodana yaMi Ngiyibizile iphume eGibhithe." Manje uma ubuka inkomba yalokho, kwabe kunguJakobe, indodana yaKhe, wakhishwa eGibhithe; kwabe kuyindodana yaKhe encane. Kepha iNdodana yaKhe enkulu, uJesu, wabizwa aphume eGibhithe, futhi. Ngakho kwakuyi-yimpendulo embaxambili.

33 Ngakho, sibona behamba bekhuluma ngalokho, ngakho ngilethe imicabango yami ngalokho. Ngase ngisuka e. . . emsamo, ngaphuma. Abantwana bami, beya ekhaya, bafuna ukuma phandle lapha ndawondawo, ukuba bathole isamishi. Ngangena, unkosikazi wathi, "Billy, ngethuke kabi

angazanga ukuthi kufanele ngenzenjani." Wathi, "Ngakunika leloBhayibheli."

34 Ngathi, "Awulibhalanga, futhi awulihlanganisanga, s'thandwa."

35 Wathi, "Kepha, ukucabanga nje, ngi-ngikunika i-iBhayibheli elinesici."

Ngathi, "Qha, mhlampe belingenaso."

36 Omunye wabantwana walithatha, sasesibheka amakhasi. Qha, lalibukeka lilungile. Kepha phansi ekugcineni, amakhasi amabili ayenamathelene ndawonye, uyabo, nesahluko 16 sasingakulelicala, besekuthi ukuqhubeka kwesahluko 16 kube ngakwelinye icala. Nesahluko 17 siqale e. . . uyabo, kuphelele ncamashi, kufana ncimishi, ngale. Nalelophepha elenziwa eNdiya, elilula impela, libhangqene, ngangifunda esahlukweni 17 njalo nje, esikhundleni sesahluko seshumi nesithupha.

37 Ngase ngicabanga, "Nkulunkulu, ngabe Ukwenzeleni lokho na? Kungani kubekhona into enje manje na?" Ngangizicabangela, uyazi, ukubona ukuba ngabe kwakusho ukuthini, ngoba ngicabanga ukuthi ayikho into eyenzeka esikhaleni nje. Ngangicabanga ngenduduzo yalomfowethu lapha, eza, engitshela, "'Ungaxakaniseki,' yena engumpristi, 'ungaxakaniseki, mhlampe uNkulunkulu kukhona azokwenza,'" noma yinto enjengaleyo. Ngacabanga, "Kungenzeka kanjani lokho na?"

38 Lapho ke, ngihlezi lapho, njengombani wehla eZulwini kwafika kimi. Manje, lokhu kungezwakale kini, kepha kuyezwakala kimi, uyabo.

39 Ngiyakhumbula, kuLuka isahluko sesine, ukuthi uJesu wangena esinagogeni eNazaretha, lapho Akhuliswa khona, njengoba kwabe kungumkhuba wakhe ukuya ebandleni nge. . . esinagogeni, ngeSabatha. Esenzenjalo, sibona lapho ukuthi umpristi wamnika iBhayibheli, umBhalo ogoqwayo. UJesu, ebuka emBhalweni ogoqwayo, wathola indawo ethize, kuIsaya 61, wawufunda umBhalo. Wayeselibuyisela iBhayibheli kumfundisi. Eseguqukela kubantu, onke amehlo aMgqolozela. Wayesethi:

> . . . *Namuhla* lomBhalo *ugcwalisekile* . . .

40 Futhi siyazi ukuthi ukufundwa kwalowomBhalo kwakuyimpica, ngoba Wacaphuna ingxenye yevesi lokuqala nelesibili, ku Isaya 61:1 no 2. Kepha Wafunda waze wafika lapha, lapho, kuthi, "UMoya weNkosi uphezu kwaMi, ukubopha abanhliziyo zaphukile, noku-ku (nikeza) phulukisa abagulayo nokubona kwabayizimpumputhe, nokumemezela umnyaka omuhle weNkosi," wabe Eseyama. Ngoba, okulandelayo kwabe kungukuletha ukwahlulela; okwakuzophathelana nokubuya kwaKhe kwesiBili, kungesikho ukufika kwaKhe

kokuqala. Wayesema, waguquka, wathi, "Namuhla lomBhalo ugcwalisekile." Kwakucace bha!

41 Kwaku yi-yi-yinkulumo eqonde ngqo kulabo bafundisi nakubantu ababekhona, ukuba Akucacise lokhu kubantu, "Namuhla lomBhalo ugcwalisekile." Ngoba lapha WayenguMesiya, nokho abakholwanga. Wayelapha, ogcotshiweyo walelohora. Yonke intshumayelo yaKhe, kusukela ekuzalweni kwaKhe kuya phezulu, Wakufakazela Abe eyikho, noma kunjalo abakukholwanga. Inkulumo efakazelwe pho! Kepha Wayengasho nanamuhla . . .

42 Uma umuntu evula amehlo abo, babeyokwazi, bazi usuku ababephila kulo, ngoba kwakuyihora laKhe, ngoba Wayekhona lapho enza khona impela okwakushiwo yimiBhalo, bonke abaprofethi, babethe kuyokwenzeka ngalolosuku. Lapha Wayenza khona impela uNkulunkulu ayeprofethe ukuthi kuyokwenzeka! Bahluleka kanjani ukukubona na? Kwakufanele bazi ngokushesha, bebona ukuthi intshumayelo yaKhe yabe injani. Nanguya uMesiya. Kwakufanele bakwazi, ngoba Wathi, "UmBhalo ugcwalisekile."

43 Ngicabanga ngokwanamhlanje. Qaphelisisa ukuthi lokho kwakusho ukuthini lapho umpristi enikeza iZwi. IZwi lafundwa, labuyiselwa kumpristi. Namazwi okugcina acashuniwe endikimbeni yami enganginawo, nemiBhalo yami elotshwe phansi, yayikuLuka 17:30 lapho, uJesu wayebhekise kulesisikhathi esiphila kuso, "licebile, uNyaka weLawodekiya," kepha libolile kwezombangazwe, ipolitiki yebandla nepolitiki yobuzwe, okubole phuhlu. Wayesethi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaLoti, kuyokubanjalo nasekufikeni kokuphela kwesikhathi," qaphela ukuthi wathini lapho, "ngosuku iNdodana yomuntu eyokwambulwa ngalo."

44 Uyabo, "Ngosuku iNdodana yomuntu eyokwambulwa ngalo!" Ngithanda ningilalele.

45 Uyabo, Wafika ngamagama amathathu. Wafika njengeNdodana yomuntu, okwakungumprofethi. Yilokho akwenzayo, Wayifakazela intshumayelo yaKhe, ngokuba ngumprofethi. Sonke siyakwazi lokho. Noma ngubani kithina uyakwazi. Akazange athi WayeyiNdodana kaNkulunkulu; Wathi wayeyiNdodana yomuntu. Manje, namuhla, UyiNdodana kaNkulunkulu, njengoba Ebuye Wabuya, namanje Usesimweni sikaMoya oNgcwele, uMuntu ongabonwa; kepha yebo, unguNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu. Eminyakeni eyiNkulungwane, Uhlala esiHlalweni sobukhosi sikaYise, lapho Ayoba yiNdodana kaDavide. Wazembula Yena luqobo okokuqala njengeNdodana yomuntu, umprofethi; kulomnyaka, kusukela onyakeni webandla, yiNdodana yomuntu . . . noma yiNdodana kaNkulunkulu; nakomunye unyaka, yiNdodana kaDavide. Amadodana amathathu!

46 Kepha uyaqaphela lapha, Wathi, ekupheleni konyaka webandla, laba ngelibi kakhulu Waze wathi Uyokwambulwa futhi njengeNdodana yomuntu, “ngosuku iNdodana yomuntu eyokwambulwa ngalo.” Kwahlukaniseke kahle kanjani lokho okubonakele kuyingxubevange izolo! Ngiyethemba akunicasheli lokhu.

47 Sibenaso isambulo seNdodana kaNkulunkulu, kepha isethembiso sokugcina abanaso uAbrahama ngaphambi kokuba kwenziwe indodana...kumbe ibekhona, leyo abe eyethenjisiwe; ngaphambi kokuba indodana yesethembiso ibonakale, uNkulunkulu wazibonakalisa luqobo lapho eSodoma engumprofethi, engumuntu, esenyameni, uNkulunkulu. UElohim, njengoba ngizwile omunye ekhuluma esikhashaneni esadlulileyo, ukugcwala kobuNkulunkulu kwakukuYe. Wayengukugcwala. UElohim ungukugcwala kobuNkulunkulu, ngokomzimba. Siyaqaphela lapho lapho uLoti ebona...Lapho uAbrahama eMbona eza, wathi, “Nkosi yami.” Babebathathu. Nasezansi eSodoma, uLoti wabona ababili, wathi, “makhosi ami,” wayengenasambulo. Ngakho qaphela ukuthi kwenzekani lapha, ngenkathi Enyuka, ukuthi wazibonakalisa kanjani.

48 Singeke yini, ngingekusho yini, lokhu uma bengimi manzonzo, uyabo, umfowethu waprofetha ngenkathi esho kimina lokho akwenzayo! Namuhla! Qaphela ukuthi Wenzani emva kokufunda lowomBhalo. “Ngezinsuku lapho iNdodana yomuntu,” akusho umuntu, akusho amuntu wenyama, “iNdodana yomuntu Iyozambula Yona luqobo phakathi kwabantu baYo futhi.” Namuhla lesi isethembiso, salelihora esiphila kulo manje, sigcwalisekile impela ngaphambi kwamehlo ethu. Waphendukela ebandleni masinyane, abalishumi noma lishumi nambili, noma babengakanani abantu ababelapho, abaziwa, Wenza into efanayo naleyo Ayenza eSodoma. Namuhla lomBhalo ubonakalisiwe phambi kwenu. Ubonakalisiwe ngokweqiniso phambi kwenu.

49 Ngakho, mfowethu, dade, manxusa, befundisi, noma singobani lapha, bantwana bakaNkulunkulu, sisondele kangakanani ekuFikeni kwaKhe na? Uma manje sibona umBhalo Awethembisileyo, ngaphambi nje kokuba umlilo wehlele eSodoma ukulishisa, kufaniswa lolusuku nalolo, sibona nokuthi umBhalo ugcwalisekile phambi kwamehlo ethu, sesisondele kangakanani ekuFikeni kweNdodana kaNkulunkulu na? Kuseduzane kangakanani ukubonakaliswa kwemiBhalo, njengalokhu Enza kuAbrahama, Efufusisa ibandla ngomfanekiso, Ayeyisethembiso kulo ibandla! Namanje siyathola ukuthi, inzalo yangokwenyama kaAbrahama, behluleka kanjani. Kepha inzalo yobukhosi kaAbrahama, engeyokukholwa eZwini elethenjisiweyo, manje iyabonakaliswa emhlabeni namuhla. Sisesikhathini sokugcina, mfowethu, bodade. Sisekupheleni.

50 Kasinawo omunye umfanekiso. Ngiyenza ngesibonelo imiBhalo ngoba anginayo imfundo eyaneleyo ukukhuluma ngamazwi nezinto. Ngenza isibonelo. Kepha uma ngibona ezithunzini . . . Uma ngingakaze ngisibone isandla sami, ngibona isithunzi, ngiyazi ukuthi ngangineminwe emihlanu. Kungaleyondlela okumele uqaphele ngayo umBhalo ongumfanekiso eTestamenteni eliDala. Wenzani na? Ubonakalisa lokhu ngesithunzi. NoJesu wathi iSodoma labe likhomba lesisikhathi sokugcina manje. Yona leyomiBhalo eyayithenjiswe kwiSodoma, imiBhalo impela eyayenzeka neSodoma, athi uJesu iyoziphinda futhi namuhla, iyaziswa phambi kwethu namuhla.

51 UNkulunkulu anibusise. Ningacashelwa yilokhu. Uma nginganiboni lapha ngonyaka ozayo; lapha sebekhuphuka ngeziTebhiso zeGolide, ngethemba ukuhlangana nani phezulu Laphaya. UNkulunkulu anibusise. [Akuthwetshulwanga—Umhl.]

52 Baba, si . . . [Akuthwetshulwanga—Umhl.] NgokwemiBhalo, siyabona kufakazeleka, phambi kwethu, isibonakaliso sokugcina nomfanekiso. AmaZwi kaJesu Kristu athi lokhu kunjalo. Njengalokhu kwakunjalo eSodoma, siyalibona izwe nobunjalo balo, siyalibona ibandla nobunjalo balo, siyababona a-abaKhethiweyo bekhishwa kuwo wonke amahlelo; ukuPhila, okukulezo zindawo, kuyaphuma manje ukuba kubumbe iMbewu. Siyakhuleka, Baba oseZulwini, ukuthi siyakuvuswa ngokushesha.

53 Njengomzalwane okhulumile manje, ukubonile phambi kobuso bakhe, lapho esavale amehlo akhe, izixuku zihamba phambi kwakhe. O Nkulunkulu, siyezwa ukuthi zikhona izixuku ezingakathintwa nokho. Sisize, Nkulunkulu oThandekayo. Kwangathi singahamba kulengqungquthela sinalesisexwayiso enhliziyweni yethu, sazi ukuthi namuhla umBhalo ugcwalisekile. EGameni likaJesu. Ameni.

54 [UMfowethu Demos Shakarian uthi, “Haleluya. Mhleli wethu, Jerry Jensen, khuphuka uze lapha. U-umkhwekazi wakhe uqulekile manje, uzwile. Bangabafundisi beVangeli, abafundisi baseFoursquare. Singa . . . Unjalo, ngiyamazi uzwela kakhulu. Futhi, ne . . . ”—Umhl.] Kuzwakala manje nje, kuzwakele manje nje na? [“Yebo.”] Ngabe balapha na? [“Qhabo, base, baseLos Angeles. Uqulekile.”]

55 Ubude bendawo abenzi mehluko kuNkulunkulu. Usezindaweni zonke. Kufanele abenjalo, ukuze abe nguNkulunkulu. Ezinye zezinto ezinkulukazi engizaziyo esezike zenziwa, entshumayelweni yami ethobekileyo, yenzeka ngotelefoni, kumbe kukhona owashaya ucingo, kwenzeka izinto ezinkulu. Masivumelane ndawonye ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa lomuntu ogulayo.

56 Baba oseZulwini oThandekayo, sibaletha Phambi koBukhona baKho, ngomkhuleko. Siyazi ukuthi ngobunye ubusuku kwakukhona umpostoli owavalwa kukho konke ukusebenza ngalesosikhathi; wayesejele wayezonqunywa ngelanga elilandelayo. Ezansi endlini kaJohn Mark babenenkonzo yomkhuleko, kulawomagumbe angaphakathi ejele kwafika yona leyoNsika yoMlilo eyalandela abantwana bakwaIsrayeli, kumbe abantwana bakwaIsrayeli balandela yona ehlane; yangena phakathi, ngenxa yaleyonkonzo yomkhuleko, yavula yonke iminyango, yamkhiphela ngaphandle emgwaqeni umpostoli futhi, wakhululeka ukuba ashumayele.

57 Siyaqonda ukuthi lababefundisi, abantu bemishini, ubophekile manje, ba-balele isihlwathi kumanje. Nkosi, Usenguwe izolo, namuhla, naphakade. Yizwa umkhuleko wethu kulobubusuku, O Nkulunkulu. Wathi, "Uma ukhuleka, kholwa yikuthi uyakwamukela okucelayo, uyophiwa." Nkosi, siyakholwa, futhi siyakhuleka ukuthi eGameni likaJesu, ukuthi Uzobaphulukisa, Nkosi, ngenxa yeNkazimulo yaKho. Kuthiwe, kuceliwe, manje makwenzeke. Ameni.

INkosi ikubusise, Ted. Ukholwe kanye naye.

58 Mfowethu Demos. [Akuthwetshulwanga, wayesethi uMfowethu Demos Shakarian uthi, "Niyayazi leyondoda na."—Umhl.] Qhabo, mnumzane. Useshintshe kakhulu kunangalezo'nsuku, bazalwane. ["Woza lapha, Howard. Wayebukeka kahle ngalezokhathi. Namanje usabukeka, Mfowethu Branham. Yebo, yisithombe esihle. Kade sicele uanti wakho ukuba asukume esikhathini esingengakanani esadlule, futhi. Mhlawumbe ungathanda ukusho izwi, Howard." Akuthwetshulwanga.]

59 Ndoda sebephumile; sonke siyamthakasela uMfowethu Shakarian. Asinjalo na? Sonke . . . [Ibandla lishaya ihlombe.]

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org